


Izigi ZABALIMI

The official NEWSLETTER of SAFDA

IMBIZO
SPECIAL
ISSUE

KUKUDE LA SIVELA KHONA

Sigubha Iminyaka Emithathu Sasungulwa



Umsuka womzabalazo weSAFDA

'Ukuphatha abantu abangalingani ngokulingana yikho kanye ukungalingani'

Imboni kashukela ilokhu yaphatha abalimi abamnyama (abancane nababuyiselwa umhlaba) ngokulingana nabakhulukazi abamhlophe – phezu kokuthi abamhlophe besalokhu bezitika ngoju lwemithetho yobundlululo eyabanika umhlaba nemali.

Obekulokhu kulwelwa uSAFDA ukuthi imboni kashukela yemukele ukuthi abalimi abamnyama banezidingo ezechukile nabadinga ukuzikhulumela ngokwabo.

Umzamo wokuqala waseSelbourne

Omunye wemizamo eminingi yokuhlanganisa izwi lomntomnyama wenzeka ngasekuqaleni kuka 2015, nangesikhathi iningi lalabo asebensebenzela uSAFDA babesasebenza inhlango yakwa SA Canegrowers. Ngalesosikhathi owangumqondisi Mnyangweni wezokuthuthukisa abalimi uThandokwakhe Sibya wayehlela imihlangano yabalimi abancane nababuyiselwa umhlaba kuboniswa ngorbunzima bomlimi omnyama uma kuqhataniswa nabamhlophe embonini.

Lemihlanagano yaphelala emzamweni ongaphumelelanga wokwakha uhlaka lwabalimi oluhlanganisa abalima ngokuncane kanye nababuyiselwa umhlaba ngaphansi kwenhlanago yakwa SA Canegrowers.

Umfelandawonye weZigi Zabalimi wawuzoba wuphiko olwenza inzuko lwabalimi abamnya ma bekhuluma ngazwi linye, nokwakuholoswe nagkho ukwehlisa izindleko zokulima kukhulise inzuko yabalimi abamnyama ngezindlela eziningi ezinobuchule nokubalwa kuzo ukusungulwa komfelandawonye webhange labalimi. Umfelandawonye wabhuntsha kulandela ukungavumelani kwabalima ngokuncane nabezinhlelo zokubuyiswa komhlaba.



Mhla kushiywa phansi uCanegrowers


Umhla 25 November 2015 kwaba usuku olukhulu emlandweni wempilo yomlimi omnyama embonini kashukela south Africa. Abalimi abamnyama baphazamisa inkongolo kaCanegrowers ngesikhathi Ilunga lebhodi uSiyabonga Madlala esukuma ethula uhla lwamaphuzu ashо ukucikeka kwabalimi abamnyama ngoCanegrowers, wabe esedalula nokuthi "...thina balimi abamnyamasithathe isinqumo sokuyishiya phansi lenhlangano yakwaCanegrowers sesiqa la eyethu inhlango". Basho bephuma abalimi abamnyama.

Kwasala nje abamhlophe nedlanzana labamnyama abesaba abelungu lapho abalimi bephikelele eKing Fischer Conference Centre nokuyibanga elilinganiselwa kumakilomitha amabili ukusuka kwaShukela. Yilapho kwafikwa kwakhiwa khona inhlango yabalimi iSouth African Farmers Development Farmers Association Association (SAFDA). Kusukela lapho imboni kashukela ayisophinde ifane nakuqala.

Imashi yokulwela ukwamukelwa embonini

Ukwala kwenhlangano yawkashukela isASA ukwamukela uSAFDA njenenghlangano ezimele yabalimi embonini kwahlangabezana nokhukhulelangoqo womkhankaso wokwamukelwa kukaSAFDA embonini kashukela.

Ngo 2016 uSAFDA wagcwala imigwaqo elwela ukwamukelwa emombonini. Ohlwani lwezikhalazo kwakungukuthi uSASA emukele uSAFDA ngokushesha, ayeke futhi nokuqoqa imali yamalevi abalimi baka SAFDA enika uCanegrowers. AbakwaSA-SA baqhubeke nokuzenza izithuli ben galaleli ngokwakufunwa uSAFDA. Babengazi ukuthi lukhulu luyeza luyenyelela.



AbakwaDRDLR nosizo lukamanyolo kaR71m kuSAFDA



rural development
& land reform

Department:
Rural Development and Land Reform
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

U sizo lukamanyolo olwanikezwa uMnyango wakwa Rural development and Land Reform Iwanikeza uSAFDA ithuba lokukhom-bisa Amandla akhe okusebenzela abalimi.

Loluhlelo luka R71m lwaba ngolokuqala Iwezinto ezibambekayo uSAFDA azibonakalisa ngazo kubalimi. Ngalokhu singabonga uMnyango ngokusethemba singuSAFDA nephupho lethu. Namanje abalimi basavuna izithe-lo zalolusizo loMnyango.

Kwake kwabanzima



Phezu kokuthi wonke umuntu wayesibona isidingo soguquko emkhakheni wabalimi kwaShukela, iningi lalicabanga ukuthi iSAFDA omunye nje wemizamo eminingi esike yazanya-wa kodwa yangaphumelela ukubhidli-za isakhiwo esidala esesomelela so-bandlululo embonini. Wonke umuntu wayecabanga ukuthi uSAFDA yinto nje.

uCanegrowers waqhube ka nokwes-abisa ngezinyathelo zomthetho ebe futhi eqhubeka nokuthatha izimali zamalevi kubalimi be SAFDA. AbakwaCanegrowers basijaha ngezincwadi zenkantolo ezivimba amalunga eSAFDa ukuza emihlanganweni yabalimi.

Isimo sashubiswa ukushiya kwabanye abasebenzi ababejoyine uSAFDA besuka kwaCanegrowers. Ukushiya komqondisi wokuqala kwaSAFDA uNhlanelha Gumede kwayigqema ingozi engeqiwana ntawala inhlango.

Kwabajabulisa kakhulu lokhu abakwa Canegrowers – baqhube ka basigijimisa ezinkantolo. Singabonga uAdvocate Anthony Brink owasinika iselulelo esa-sizoshintsha konke ukukhulum.

Enqaba ukuthatha imali nokumela iSAFDA enkantolo uBrink weluleka wathi: "Eyenu impi akuyona eyezinkantolo,

kodwa eyobulungiswa bobuntu. Uma niya nabo enkantolo lizonilahla icala, ngoba konke abakwenza kini kuvuny-iwe umthetho wemboni kashukela, nagkho kusemthemthweni. Kodwa iP-halamende liyoba yinkantolo yenu yobulungiswa bobuntu. Bayiseni enkundle-ni yeze-politiki, nizobanqoba".

Yiso lesisiyalo esehlukanisa inhloko nesixhanti phakathi kokuzikhukhumeza kukaCanegrowers nobuhlakan bukaSAFDA esasiza ukusilethela lemboni kashukela esikuyo namuhla.

EPhalamende

Iphalamende lahlala okokuqala uku-lalela udaba lokulwela ukwamukelwa embonini kweSAFDA ngomhlaka 10 October 2017. Ukuhlala kwePhalamende kwanikeza ithuba eliyinqayizivele lokuthi inkantolo yobulungiswa bobuntu ngokombono ka Advocate Brink yenze umsebenzi wayo.

Izazi kwezokunxenxwa kosopolitiki oAdheerah Bodasing noYoan Nicolas bathatha udaba lwe SAFDA balusebenza mahala ngemuva kokungaphumeleli komzamo wokubhalela iKomidi lePhalamende. Ngokungelela koAdheera noYoan, usihlalo weKomidi lePhalamende uJoan-Marie Fubbs washayela uSihlalo weSAFDA uSiyabonga Madlala ucingo waxolisa ngokuthatha isikhathi eside ukuphendula incwadi yeSAFDA, wabe esemema iSAFDA ukuzokwenza isethulo sayo emhlangamweni olandelayo weKomidi.

Ukuhlala kwePhalamende kwesibili



nokwesithathu ngenyanga kaNovember kwathwalisa kanzima uCanegrowers. AbakwaCanegrowers bazimbela igodi ngokuzama ukuletha ummeli wabo ukuzobakhulumela ePhalamende. Ukuthi behlulwa ngalolosuku kungaba ukwenza isimo ababhекana naso sizwakale kancono. Bona nommeli wabo baphoxeka beswela umgodi wokucasha.

UMqondisi Jikelele wakwa DTI uLionel October wayevutha amalangabi eshiya angalazi ephoqa imboni ukuba yemukele ngokusemthethweni iSAFDA ngomnqamlajuqu wangomhlaka 12 December 2017.



Sigxoshe ushukela wangaphandle saletha i-tariff

Sichithe isikhathi esikhulu ngasekuqaleni konyaka ka2018 sakubeke emahlombe ethu ukugxosha ushukela wangaphandle saletha itariff ukuze kuzuze wonke umuntu embonini. Umkhankaso sawuqalisu ngokuwushubisa sinxenxa izishayamthetho, nalabo abathatha izinqumo, sawesekela nge-

mibhidlango yokuqhingga emahhovi si naphambi kwePhalamende. Umkhankaso siwuphothele ngemashi enkulukazi emahhovisi akwa dti nawe International Trade Administration Commission (ITAC) ePitoli eyayeskwa abalimi abamnyama ababeze ngam-abhasi abalelwu ku 33 evela KwaZulu

nase Mpumalanga.

Umkhankaso wabalimi awubanga yize njengoba i-ITAC yathatha isinqumo sokwenyusa itariff isuka ku \$566 kuya ku \$680 ngethani likashukela.

Ufuduko Iwabasebenzi

Ukxesula kwabasebenzi abamnyama besu-ka kwaCanegrowers beya kwaSAFDA kungachazwa njengofuduko Iwabasebenzi beshiya ukusebenzela inqubo yakudala bebamba inqubo entsha. Lolufuduko olwaluqale ngokwesula kwezimenja ezinkulu oNhlanhla Gumede (owayenguMqondisi opethe), Thandokwakhe Sibya (owayenguMqondisi eMnyangweni wokuthuthukiswa kwabali), kwathi ngokuhamba kwesikhathi kwaba nguSfiso Mnguni (owayey-iMenenja eMnyangweni wezokuthuthukiswa kwabasebenzi) kwagcina ngokuthi kwesule cishe bonke abasebenzi abamnyama abeluleka abalimi ngosuku olulodwa Iwangomhlaka 9 January 2018.



Ufuduko Iwabalimi



The establishment of SAFDA was regarded by many black growers as long overdue.

This was seen in the large numbers of growers who joined SAFDA across all mill areas in KwaZulu Natal and Mpumalanga. The attempt to pressure growers into choosing between SA Canegrowers and SAFDA was short-lived – as SAFDA called off the vote and the system of a membership-dependent levies system.

For most mill cane committees, it was just a matter of changing labels from SA Canegrowers to SAFDA as a number of affiliated grower associations in the regions were leaving SA Canegrowers to join SAFDA

Amahhovisi amasha

Following two years of operating 'in exile', the beginning of June 2018 saw another historic milestone in the life of SAFDA, when the organisation finally moved to occupy operational office space at SASA, at the KwaShukela campus. A repatriation described by many as like that of the return of the liberation movement in the early 90s.

While new operational premises brought SAFDA into the much-needed proximity to the business of the industry, the space has proven to be too small for the fast-growing business of the organisation.



UbuHle bomsebenzi wosonkotileka abamnyama kwaNodunga Farm



Impemelelo yabalimi abamnyama emobeni okwamanje incike kakhulu emsebenzini owenziwa osonkontileka ekulimeni. Kanjalo nokuzuza kwabali abamnyama kuqala khona ekuzilimelelni. Ngesikhathi osonkontileka befuna ukuzilimela epulazini lakwaNodunga, kwakunzima kwabanye ukwamukelelka bekholwa ukuthi umsebenzi uzofa. Ngemva kokuthi umsebenzi wokulima kwaNodunga uthathwe umlimi omnyama uMervyn Ramsamy useqede konke ukungabaza ngokuthi osonkontileka abamnyama bayakwazi ukulima. Lelipulazi selibalwa nalawo enza kahle emshinini waseMatikulu. Kumanje kuyatsalwa epulazini. ISAFDA inoohlelo lokusebenzisana nosonkontileka abamnyama nhenhoso yokubaqeqesha kuthuthukiswe amakhono abo kwezolimo.

uGrant Taylor uxube noMango kwimikhiqizo yezitshalo zakhe



Ngexa yezinkinga ezhambisana nokwehla kwesidingo somkhiqizo kashukela ezweni, nokweselakala komhlaba wokulima kubantu abamnyama, kukholakala wukuthi ukuquhubeka nokusebenza umoba kubantu abamnyama kuncike ekutheni baxubanise abakulimayo. Ukuxubanisa ngezitshalo ezonomkhiqizo obiza imali enkulu yikho okungaba yisixazululo. Umlimi waseNkomazi uGrant Taylor unalesixazululo kubalimi abamnyama. Okwamanje uGrant usiza omakhelwane bakhe abangabalimi abamnyama ngokuxubanisa ngezithelo zomango. "Umango ungakhiqiza kuze kuyofinyelela ku R130,000 nemisebenzi engu 3 yesikhathi eside Kanye nengu 30 yetoho ngehektha ngalinye." Kuso uTaylor.



Kuzuza abalimi uSAFDA ebophezela imboni ngoguquko

Emva kokwamukelwa embonini, uSAFDA akachithanga sikhathi ebophezela imboni ezingxoxweni ezaphetha ngokuthi imboni ikhiphe isamba semali engu-R172m ukunika abalimi abamnyama. Lokhu kwalandelwa ukuzibophezela kwemboni ukukhipha isamba semali engu-R1 billion yokwelekelela abalimi abamnyama esikhatini esiyiminyaka emithathu kusuka nonyaka.

Enye yalezimali seyifikile emaphaketheni abalimi abamnyama.

PERIOD	CURRENT CANE	RV	PREVIOUS CANE	RV	YEAR TO DATE CANE	RV	RV BAND PRICE
IC	205.980	23.697	815.460	82.635	1021.440	106.332	3721.663
	205.980	23.697	815.460	82.635	1021.440	106.332	3721.663
	11.50%		RV AVERAGE		10.41%		TOTALS
ALL CANE TYPE TOTAL + 1	395731.87	CANE TYPE TOTAL + 1	CANE TYPE TOTAL +	DUE BY TO YOU	PREVIOUS CREDIT +	CURRENT AMOUNT EXCL	
R3817.090				395731.87	284417.11	111314.76	
				ADD VAT @ 0.00			
					TOTAL CURRENT INCLUSIVE	111314.76	
ALLOWANCE / DEDUCTIONS DESCRIPTION	TONS	RATE	EXCLUSIVE AMOUNT	VAT	INCLUSIVE AMOUNT		
10 RV COST COMPENSATION	205.980	3.030-	624.12			624.12	
35 SASA CANE TRANSPORT SUBSI	1021.440	10.960				11194.98	
40 SASA MEMBERSHIP LEVY SUBS	1021.440	4.000				4085.76	
202 CANE TEST SERV. A LEVY			770.41-	115.56-		885.97-	
202 SAKK EXT. SERV. LEVY			175.44-	26.35-		201.99-	
572 S A SUGAR ASSOCIATION LEV	205.980	4.000	823.92-	123.55-		947.51-	
1047 DARNALL FARMERS ASSOCIATI	205.980	0.150				30.90-	
1066 DFA SECURITY (SECURITY LE	205.980	3.000				617.94-	
8886 CESSATION FEE			60.00-	8.96-		68.96-	
8899 IERIMEC (PTY) LTD						41830.15-	
8939 P C NACKER	205.980	100.000				20598.00-	
8999 CANE HAUL	205.980	45.000				9054.10-	



Isicefe sikamanyolo weSAFDA

mali ezuzwe abalimi ngokoHlelo 2 lwenzozo yabalimi uSAFDA elwela uguquko neqondene nabalimi bezinhlelo zokubuyiswa komhlaba seyidale okukhulu ukudineka kulabo abasebenza imisebenzi eyahlukene ethinteka ekukhiqizweni koshukela, ikakhlukazi kabu abadayisa umanyolo namakhemikhali.

Lokhu kudineka kwemakethe kuyaqondala njengoba kungene yezindlela ezimbalwa zokuqinisekisa ukuthi izindleko zabalimi abamnyama zokukhiqiza umoba ziyelelisa.

Loluhlelo lukamanyolo, noselunikeze abalimi abamnyama amathani angaphuzu kuka-500 kamanyolo ngezindleko ezingaphansi ngo 30% uma kuqhathaniswa nentengo yemakethe selulethe imiphumela esheshayo ngokunikeza okungaphezulu – kanti kulindeleke ukuthi maduzane lwenabele na-kumakhemikhali.

Ngaphezu kokwehlisa intengo kamanyolo loluhlelo lubuye lwafaka nentengo eyehliswe kakhulu yokuthuthwa kwawo uyiwa kubalimi njengoba kusethsenziswe amaloli ka-SAFDA.

Igazette

Umlaka 9 Oktober 2018 weza nokudineka kwsibili okukhulukazi emlandweni wemboni kashukela. Ungqongqoshe washicilela imithetho emisha enqala kashukela.

Ukwamukelwa kokuqala kweSAFDA kwakungeke kube ngokwesikhathi eside ngenxa yemithetho emidala eyayingakasulwa. Labo abaphikisana nohlelo loguqoko emobonini kashukela bebelokhu bethembele emithethweni yobandlululo ebingakasuswa. Bebelokhu besebenzisa izindlela zokubambezela izingxoxo zakwaSASA ngethemba lokuthi makuphela inyanga kaSeptember, uhlelo lwasikhashana olunika iSAFDA ukuba nezwi kodwa hayi ivoti, luyobe seluphelelwa yisikhathi olubekelwe sona bese kubuyelwa emithethweni emidala, bese kuyaphela ngoSAFDA.

Ngaphezu kokunye okuningi, ukushicilelwka kwemithetho emisha kuqinisekisa izinguqoko ezimbili ezinqala:

- Ukuthi izingxene ebeziyinka zemithetho emidala zesuliwe; kanye nokuthi
- Ngeke kusaphinde kubangiswane ngemali yamalevi abalimi ngoba ibhajethi yezinhlango zemboni seyizophuma kwaSASA.



Kuqopheke omunye umlando ngo Mama Lee

Ngo Oktobet 2018, kulandela umthetho owashaywa i-dti noshicilela izinguqoko ezenza uSASA emukele ngokusemthethweni uSAFDA, imboni ibhiyoza okunye emlandweni wayo – ukuqokwa kowesifazane omnyama wokuqala njengephini likasithlalo kwaSASA, ulindiwe Hlubi.

Bekungeyona indlela elula neze nakuba ilethe okunye okunqoba endleleni yeSAFDA eya oguqukwani lwemboni kashukela. Lesisifundiswa esagogoda ngeziyu zeBusiness Science and Administration, engomunye wezingane ezine emndenini wakubo, ungomunye wabasungule be SAFDA.

"Ngesikhathi sishiya phansi ebhodini lakwa SA Canegrowers ngo 2015, kwaba yisinyathelo esikhulu sethemba, kanti angicabangi ukuthi ukhona kithina owayecabanga ukuthi kwakunesidingo esikhulu kangaka seSAFDA embonini ngalesosikhathi".

Ngonyaka ka2015 uMama Lee waqopha umlando okukuqala eba ngowesifazane wokuqala ukuba yisekela sihlalo wenhangano yabalimi embonini kashukela iSAFDA. Eminyakeni nje embalwa kusuka lapho usekuphindle lokho, manje ngokwemboni kashukela yonkana yaseNingizimu Afrika.

Ngaphezu kwazo zonke izinkinga ezikhungethe abalimi, ikakhulukazi abalimi abamnyama, lomama oneminyaka engu 51 usalokhu ethobekile ebambelele ezimpandeni lapho eqhuba umzabalazo woguqoko kwezolimo.

